
UMenzi ulungisa ikamelo lakhe.

Welula umata phansi. Bese elengisa izingubo zakhe.

Ikamelo lakhe selicocekile, uMenzi uyajabula.





UMenzi ugeza amapuleti nezimbiza zokupheka.

Sezihlanzekile.

Uyazesula bese ezifaka endaweni efanele.

Sezihlelekile.

UMenzi uyajabula.

UMenzi usebenza ngokuzimisela.

Usehlela kahle okusemashalofini.

Amashalofu asecocekile, uMenzi uyajabula.






UMenzi usebenzisa amanzi nemophu.

Uhlanza phansi ekhishini.

Ikhishi selihlanzekile, uMenzi uyajabula.

UMenzi usebenza kanzima!

Usula itafula elikhulu.

Selihlanzekile, lifana nesibuko!

UMenzi uyajabula.





UMenzi ushanela umata.

Uguqa phansi ukuze asebenze kahle.

Umata usehlanzekile, uMenzi uyajabula.

Yonke indawo ihlanzekile!

UMenzi ujabulile kakhulu ngemiphumela yomsebenzi awenzile.

UMenzi wabe esebuka isibuko. Akajabulile!

“Nami sengidinga ukuhlanzeka!” kusho uMenzi ehleka.

